



# basic education

---

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## **SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS**

**ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)**

**IPHEPHA LESITHATHU (P3)**

**2018**

**IMEMORANDAMU**

**AMAMAKI: 100**

**Le memorandamu inamakhasi ayi-10.**

**ISIQEPHU A: INDABA****UMBULO 1****QAPHELA:**

- Ngaso sonke isikhathi sebenzisa irubhrikhi uma umaka umbhalo wokuziqambela (Iphepha lesi-3, ISIQEPHU A).
- Amamaki ukusuka ku: 0–50 ahlukaniwe ngokwamazinga amahlanu ngokwezinkomba.
- Okubonwa ngakho: okuqokethwe nolimi, inkomba ngayinye kumazinga amahlanu ihlukaniswe izingxenye ezimbili kuye ngokwabiwa kwamamaki. Kunengxenye engenhla kanye nengezansi.
- Isakhiwo sona asithinteki ekuhlukaniseni ngokwezixenye. Ayikho ingxenye engenhla noma engezansi.

**IRUBHRIKHI YOKUHLOLA I-ESEYI ULIMI LWASEKHAYA [AMAMAKI ANGAMA-50]**

Okungabonwa ngakho		Okungavamile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Akwanelisi
<b>OKUQOKETHWE KANYE NAMALUNGISELELO</b>  (Izimpendolo kanye nemibono) Ukuhlela imibono uyihlelela amalungiselelo Ukuqonda inhloso, izethameli kanye nesimo	Ingxenye engenhla	<b>28–30</b>	<b>22–24</b>	<b>16–18</b>	<b>10–12</b>	<b>4–6</b>
		-Impendolo enembayo ngaphezu kobe kulindelekile -Imibono ekhaliphile, echukuluza ingqondo kanye nekhombisa ukuvuthwa komqondo -Ihleleke ngobunyoinco kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendolo yakheke kahle impela -Imibono eshaya emhloveni nehlabahlosile enokuvuthwa komqondo -Ihleleke kahle kakhulu kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendolo eyenelisayo -Imibono inakho ukulandelana nokushaya emhloveni -Ihleleke ngokusendimeni kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendolo ikhombisa ukungahlangani -Imibono engacacile nekungeyona eyokuzisungulela -Kukhona okukhombisa ukuhlela okuncane nokulandelana	-Impendolo enhlanhlathayo -Imibono edidayo nenganambi -Akuzwakali kunophindaphinda -Akukho ukuhlela kanye nokulandelana
<b>AMAMAKI ANGAMA-30</b>	Ingxenye engezansi	<b>25–27</b>	<b>19–21</b>	<b>13–15</b>	<b>7–9</b>	<b>0–3</b>
		-Impendolo yinhle kakhulu kepha intula izimpawu ze-eseyi enembayo -Imibono ekhombisa ukuvuthwa komqondo kanye nokukhalipha -Ikhombisa ikhono lokuhlela kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendolo yakheke kahle -Imibono ehambisanayo nendaba nehlabahlosile -Ihleleke kahle kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendolo eyenelisayo kodwa intula ukucacisa -Imibono iyalandelana ngokusendimeni futhi iyamukeleka -Kukhona okukhomba ukuhlela kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendolo engashayi emhloveni -Imibono ithanda ukuba nhlakanhlaka futhi iyadida -Ukuhlela kanye nokulandelana akukho	-Ayikho imizamo ekhombisa ukuphendula ngesihloko -Akuhambisani nesihloko futhi akufanelene -Akuqondene nesihloko futhi kuphithene

**AMARUBHRIKHI OKUHLOLA I-ESEYI ULIMI LWASEKHAYA [AMAMAKI ANGAMA-50] (ayaqhubeka)**

Okungabonwa ngakho		Okungavamile 14–15	Okunekhono 11–12	Okusendimeni 8–9	Okuqalisayo 5–6	Akwanelisi 0–3
ULIMI, ISITAYELA & UKULUNGISA AMAPHUTHA  Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso/umthelela kanye nesimo, ukukhethwa kwamagama, ukusetshenziswa kolimi, izimpawu zokuloba, uhlelo, isipelingi  AMAMAKI AYI-15	<b>Ingxenye engenhla</b>	-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ulimi lukhombisa ukuzethemba, luyancomeka kakhulu -Ithoni ekhomba ukuphoqa kanye namasu obuciko obunembayo -Akunamaphutha sanhlobo ohlelweni kanye nesipelingi -Ikhombise ikhono eliphezulu lokubumba	-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ulimi lufanelekile kanye nokusetshenziswa kwethoni ngendlela efanelekile -Kukhombisa ukungabi namaphutha ohlelweni kanye nesipelingi -Ibumbeke kahle kakhulu	-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ukusetshenziswa kolimi ukudlulisa umqondo kusendimeni -Ithoni ifanelekile -Kusetshenziswe amasu obuciko ukukhulisa okuqukethwe	-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana ngokungagculisi nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ukusetshenziswa kolimi ukudlulisa umqondo akugculisi -Ithoni nephimbo akugculisi -Kusetshenziswe amasu obuciko ngokungagculisi ukukhulisa okuqukethwe	-Ulimi aluqondakali -Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama aluhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ulwazimagama luncane kakhulu okwenza kube lukhuni ukuqonda
	<b>Ingxenye engezansi</b>	<b>13</b> -Ulimi lukhombisa ukuzethemba, luyancomeka kakhulu -Akunamaphutha ohlelweni kanye nesipelingi -Ikhombise ikhono eliphezulu lokubumba	<b>10</b> -Ulimi luyahambisana futhi lufanelekile -Ithoni iyahambisana futhi ifanelekile -Kunamaphutha ambalwa ohlelo kanye nesipelingi -Ibumbeke kahle	<b>7</b> -Ukusetshenziswa kolimi okusendimeni nokungahlangani okumbalwa -Ithoni ifanelekile kanye nokusetshenziswa kwamasu obuciko okunomkhawulo	<b>4</b> -Ukusetshenziswa kolimi okunamaphutha -Imisho enhlobonhlobo imbalwa noma ayikho -Ulwazimagama olunomkhawulo	
ISAKHIWO  Izimpawu zethekisthi, ukuthuthuka kwezigaba kanye nokwakhiwa kwemisho  AMAMAKI AYISI-5		<b>5</b> -Ukuthuthuka kwesihloko okunembayo -Ukucacisa okunembayo -Imisho, izigaba kwakheke kahle kakhulu	<b>4</b> -Ukuthuthuka nokugeleza kwendaba -Ukucacisa okuhle, -Imisho, izigaba kuyalandelana futhi kuxubile	<b>3</b> -Ukuthuthuka kwendaba okusendimeni -Imisho, izigaba kwakheke kahle -I-eseyi isenawo umqondo	<b>2</b> -Amaphuzu ambalwa azwakalayo -Imisho kanye nezigaba kunamaphutha -I-eseyi isenawo umqondo noma inamaphutha	<b>0–1</b> -Amaphuzu awatholakali -Imisho kanye nezigaba kunamaphutha -I-eseyi ayinamqondo

**Amakhodi angasetshenziswa uma kumakwa**

SP – (dwebela)-isipelingi esingamukelekile.  
 PH – uphawu lokubhala olungemukelekile.  
 L – (dwebela)- ulimi olungemukelekile.  
 // – khombisa isigaba esisha.  
 NK – inkathi engemukelekile.  
 Si – i-aphostilofi engemukelekile.  
 GL – amagama awalandelani ngokufanele.  
 R – irejista.  
 KM – akwenzi mqondo.  
 ISIV. – isivumelwano esingamembi.  
 AK – akudingekile.  
 ^ – kunegama elingekho.  
 GN – igama elingcono.  
 / – ukwehlukanisa amagama  
 □ – ukhlanganisa amagama  
 √ – ulimi oluhle  
 NQ – ukunqamula amagama  
 PND- ukuphindaphinda

**AMAKHODI AMAMAKI**

Q = 30  
 L = 15  
 SK = 05  
50

**OKULINDELEKILE MAYELANA NESAKHIWO SEMIBHALO (ISIQEPHU A)**

- Isingeniso: Siyaheha, sinamandla, siyisigaba esisodwa, singenisa indikimba, sinobude obemukelekile.
- Umzimba:
  - (i) Izigaba zinemiqondo ezwakalayo nenikezelayo.
  - (ii) Zihleleke kahle: Isigaba siqala ngomusho bese siba nemisho esekelayo. Masibe nomqondo ophelele.
  - (iii) Umbhalo nombhalo uhambelana nenkathi okumele ubhalwe ngayo.
- Isiphetho:
  - (i) Siyisigaba esisodwa.
  - (ii) Makuvele ukuthi umbhalo usuyagoqwa noma uyasongwa.
  - (iii) Selungavela uvo lombhali ngalokho abhala ngakho okungaba ukuxwayisa/ukweluleka/ukuxolisa.

**ISIQEPHU A: INDABA****UMBUZO 1****OKULINDELEKILE MAYELANA NEZIHLOKO ZEZINDABA (ISIQEPHU A)**

- 1.1 Ohlolwayo makakhombise ukusiqonda isihloko okungahambisana nokuhle noma okubi. Indaba yakhe mayiveze usuku nesigameko esenza akhulume lawa mazwi. Makubuye kuvele lokho okuzokwenzeka ngalolo suku abekulindele/abekulungiselele. **[50]**
- 1.2 Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyasiqonda isihloko. Angaxoxa ngokubaluleka kokuzilungiselela noma ubungozi bokungazilungiseleli ngekusasa ngoba awazi ukuthi likuphatheleni. Angasebenzisa izibonelo lapho kudingeka khona. **[50]**
- 1.3 Ohlolwayo kumele athathe uhlangothi zisuka nje. Avumelane noma aphikisane nesihloko. Uma evumelana nesihloko akaveze inzuzo ezoletswa ukubuyiselwa komhlaba kubanikazi. Ukubuyiselwa komhlaba kubanikazi kungaba nenzuzo ekufukuleni umnotho wabantu abaningi kuleli. Uma ephikisana nesihloko kumele aveze ububi obungalethwa ukubuyiselwa komhlaba kubanikazi. Isb. Ukuphazamiseka kobudlelwano osebubukeka bubuhle phakathi kwabamhlophe nabamnyama bakuleli. Kungawulimaza umnotho ukubuyisela umhlaba kumuntu ongazi ukuthi kufanele enzeni ngawo ukuzithuthukisa. Namanye amaphuzu ahambisana nesihloko. **[50]**
- 1.4 Ohlolwayo makube uyazazi izingozi/izingqinamba eziba khona uma abantu bengena ngokungemthetho ezimayini ezingasasetshenziswa. Makuvezwe izinto ezingabafaka enkingeni ezenzeka kulezi zimayini, isb. Ukugqitshwa umgodi, ukubulalana, ukulimala, ukuboshwa, ukungenwa izifo njl. **[50]**
- 1.5 Ohlolwayo makabonakale ethinta izinhlangothi zombili ngokulinganayo: (Ubuhle nobubi) bese kuthi ekugcineni akhethe uhlangothi ahambisana nalo. Ubuhle: Ukuveza izinhlobonhlobo zobochwepheshe eziwusizo emphakathini ezenza impilo ibe lula kunalokho ekade iyikho. Kunemishini ethatha isikhathi esincane ukwenza into kunaleso eside uma kwenziwa ngezandla. Kunemishini yokwelapha ekwazi ukuhlola izifo obekungelula ukuzibona. Ububi: Ezinye izinhlobo zobuchwepheshe ziyawukhinyabeza umnotho ngokunciphisa amathuba omsebenzi kanjalo nezempilo ziyakhinyabezeka. Zingakhuthaza ubuvila kwabanye abantu ikakhulukazi abasebasha. Zingandisa ubugebengu obuhleliwe, ukudicilelana phansi kusetshenziswa izinkundla zokuxhumana. Anganikeza izibonelo lapho kudingeka khona. **[50]**
- 1.6 Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyasiqonda isihloko ngokuchaza uhlobo lombele ogwansile akhuluma ngawo. Indaba yakhe mayichaze lokho akuzuzile kulo mbele ogwansile. Uhlobo lombele, isb. Isikole esisezingeni eliphezulu, abazali, izihlobo, njl. Makuvele ukuthi akubanga isigameko sosuku uloludwa. **[50]**

- 1.7 1.7.1 Ohlolwayo makabukisise kahle isithombe bese enika indaba yakhe isihloko esihambisana nesithombe. Makungachazwa isithombe. Isibonelo sesihloko: Ungabokusho Ukuthi Umuntu Uyamazi/Abantu Abaphila Impilo Engaqondakali/Kanti Uyiliphi Wena?/Ziqhenye ngebala lakho/ Ubungozi Obungadalwa Izimonyo Zobuso/Ukubuyisana Nokuxolelana, njl. [50]
- 1.7.2 Ohlolwayo makabukisise kahle isithombe bese enika indaba yakhe isihloko esihambisana nesithombe. Makungachazwa isithombe. Isibonelo sesihloko: Mhla Sihlaselwa Yisiphepho/Ngangithi Sebudlulile Ubunzima. Nezinye izihloko ezinembayo. [50]

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 50**

**INCWADI ESEMTHETHWENI/ UMLANDO KAMUFI/ ISIBUYEKEZO/INGXOXO/ INCWADI YOBUNGANI/ I-ATHIKILI YEPHEPHAPHANDABA****IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBHALO OMUDE ODLULISA UMYALEZO ULIMI LWASEKHAYA [AMAMAKI ANGAMA-25]**

<b>Okungabonwa ngakho</b>	<b>Okungavamile</b>	<b>Okunekhono</b>	<b>Okusendimeni</b>	<b>Okuqalisayo</b>	<b>Akwanelisi</b>
<b>OKUQUKETHWE, AMALUNGISELELO &amp; NEFOMATHI</b>  Impendulo kanye nemibono Ukuhlela imibono ukuze kube namalungiselelo Inhloso, izethameli, izakhiwo nezimiso kanye nesimo  <b>AMAMAKI AYI-15</b>	<b>13–15</b> -Impendulo enembayo ngaphezu kobekulindelekile -Amasu akhaliphile kanye nokuvuthwa komqondo -Ulwazi olubanzi lwezimpawu zohlobo lombhala -Umbhalo unamathele esihlokweni -Amasu akhombisa ukuthelelana kanye nokulandelana -Acacisa ngokusobala kanye nokusekela isihloko -Ifomathi efanelekile necacile	<b>10–12</b> -Impendulo enhle kakhulu ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhala -Inamathele esihlokweni -Kunamaphushana -Ukulandelana kokuqukethwe nemibono, kuchazwe kahle futhi kusekela isihloko -Ifomathi efanele enamaphushana	<b>7–9</b> -Impendulo esendimeni ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhala -Inamathele esihlokweni inamaphutha asendimeni -Ukulandelana kwemibono okuqukethwe kufanelekile -Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko -Ifomathi efanelekile kodwa kunamaphutha ambalwa	<b>4–6</b> -Impendulo esezingeni eliyisisekelo ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhala -Ukunamathela kuyabonakala kodwa kunamaphutha amaningana -Ukulandelana kwamaphuzu okuqukethwe kubuye kungabonakali -Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko -Usebenzise ngokunganele imithetho yefomathi -Kukhona okumbalwa okubalulekile	<b>0–3</b> -Impendulo ikhombisa ukungabi nalo ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhala -Umqondo uyanhlanhlatha kunamaphutha amaningi -Imibono ayilandelani sanhlobo -Ukuchaza okumbalwa okusekela isihloko -Akasebenzisanga nhlobo imithetho yefomathi
	<b>9–10</b> -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle kakhulu -Akunamaphutha sanhlobo	<b>7–8</b> -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle -Ulwazimagama oluhle -Kunamaphushana	<b>5–6</b> -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso, izethameli kanye nesimo -Kunamaphutha ambalwa -Ulwazimagama olusendimeni -Amaphutha awawuphazamisi umqondo	<b>3–4</b> -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kunokungahambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo olungafanelekile olunamaphutha amaningi -Ulwazimagama olunganele -Umqondo awusalandeleki kahle	<b>0–2</b> -Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama akuhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Kugcwele amaphutha futhi kuyadida -Ulwazimagama aluhambisani nenhloso -Umqondo uyanhlanhlatha kakhulu
<b>ULIMI, ISITAYELA KANYE NOKULUNGISA AMAPHUTHA</b>  Ithoni, irejista, isitayela, inhloso/umthelela, izethameli kanye nesimo Ukusetshenziswa kolimi kanye nezimiso Ukukhethwa kwamagama izimpawu zokuloba kanye nesipelingi  <b>AMAMAKI AYI-10</b>					

**ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO****UMBUZO 2****Amamaki azocazwa ngale ndlela:****Q = 15****L = 10****OKULINDELEKILE****2.1 INCWADI ESEMTHEHWENI/YAKOMKHULU/YOMSEBENZI**

- Iba namakheli amabili. Elobhalayo kanye nalelo lobhalelwayo.
- Ikheli lokuqala liba nosuku. (12 Mbasa 2018/ 02 Ephreli 2018 / 12-04-2018 / 2018-04-12)
- Ikheli lesibili liqalisa ngokubhala isikhundla salowo obhalelwayo. Isibonelo: Mphathi.
- Isihloko obhala ngaso. Incwadi Yesicelo Mayelana Noxhaso Lokuya Ngasethunjini.
- Obhalelwayo makabingelelwe sakukhuluma.  
**Isb.** Mnumzane/Nkosazane/Nkosikazi
- Incwadi ayibe nesingeniso: Akuvele ukuthi isicelo simayelana nani.  
Umzimba: Nikeza izizathu ezenza kubaluleke ukunikezwa lolu xhaso.
- Isiphetho: Makuvele ukuthi bayolubonga/bayoluthokozela lolo xhaso.
- Valelisa ukhombise ukuzithoba. **Isb.** Yimina ozithobayo  
uKwenama Cindi (Nkk./Nksz.)

**[25]****2.2 UMLANDO KAMUFI**

- Isihloko: Isibonelo sesihloko:  
Umlando kaZethembe Bulelani Shezi / Umlando Kamufi,  
UZethembe Ongasekho
- Isigaba sokuqala:
  - Ukuqala ngamagama akhe aphelele
  - Usuku azalwa ngalo
  - Amagama abazali bakhe (Makuvezwe ukuthi basaphila noma cha)
  - Usuku adlule ngalo emhlabeni
  - Indawo azalelwa kuyo
- Isigaba sesibili:
  - Izikole afunde kuzona (amabanga aphantsi, aphakeme naphakathi nendawo)
- Isigaba sesithathu:
  - Iqhaza/Igalelo lakhe emphakathini
  - Izindawo asebenze kuzo
  - Iqhaza lakhe ekuthuthukiseni umndeni wakhe
  - Ukuhlabana kwakhe okwahlukene (uma kukhona)
- Isigaba sesine:
  - Abashiyile emhlabeni
- Isiphetho makukhonjiswe ukuthi usuyaphethwa umlando kamufi.  
Ungasebenzisa la magama isib: LALA NGOXOLO DLABA!

**[25]**



**2.3 ISIBUYEKEZO**

- Ohlolwayo makaveze la maphuzu alandelayo, isb.
  - Igama lencwadi nombhali wayo
  - Imininingwane yabashicileli
  - Unyaka eshicilelwe ngawo
  - Unyaka eyabuyekezwa (okokuqala/okwesibili/okwesithathu, njl.)
  - Incwadi/indaba ngamafuphi kanye nokuphawula ngabalingiswa
  - Ukuphawula ngokuhle kanye nokungekuhle ngokwenzeka endabeni
- Isiphetho sesibuyekezo masiveze izincomo mayelana nokwenzeka encwadini mayelana nokwenzeka endabeni. [25]

**2.4 INGXOXO/INKULUMOMPENDULWANO**

- Isibonelo sesihloko: Ingxoxo Phakathi Kwabazali Kanye Nengane Yabo / Ingxoxo Phakathi KukaMnu. Cele, uMaZulu no-Abongwe
- Isethulo: Isb. (Kuntambama kwaCele, uMaZulu,uCele no-Abongwe baxoxa ngesikweletu sasesikhungweni lapho okufunda khona u-Abongwe)
- Bhala okushiwo isikhulumi njengoba kunjalo, uveze imibono yaso ngqo. **Isb.**  
UMnu. Cele/UCele:  
UMaZulu:  
U-Abongwe:
- Sebenzisa umugqa omusha ukukhombisa isikhulumi esisha
- Ungasebenzisi abacaphuni enkulumeni yezikhulumi
- Mayingabikhona inkulumo efakwa kubakaki echaza imizwa yesikhulumi
- Kubalulekile ukuba usebenzise izimpawu zokuloba ngendlela efanele
- Ingxoxo mayibe nesingeniso, umzimba kanye nesiphetho (Kubonakale ukukhula kwayo) Qikelela ukusheshe ungene engqikithini yengxoxo. [25]

**2.5 INCWADI YOBUNGANI**

- Iba nekheli elilodwa lobhalayo
- Ikheli lihamba nosuku. (25 Meyi 2018 / 25 Nhlaba 2018 / 25-05-2018 / 2018-05-25)
- Isibingelelo asiveze ubuhlobo noma umgagule ngegama lowo ombhalelayo, isibonelo: Mnewethu/Mfowethu/Lwazi
- Isingeniso masibe sifushane. Masikhombise ubuhlobo obukhona phakathi kobhalayo nobhalelwayo
- Umzimba - umayelana nesenzo esihle somnewenu sokwenza umcimbi wokubonga abazali
- Isiphetho - kumele ohlowayo avalelise, umethembise ukuba nizomsekela kukho konke adinga usizo ngakho
- Valelisa ukhombise ubuhlobo ubhale igama lakho ungasibhali isibongo isib. Yimina umfowenu  
uFezile [25]

**2.6 I-ATHIKILI YEPHEPHANDABA**

- Makube nesihloko. Isb. Ubungozi Bokweba Izintambo Zikagesi.
- Igama nesibongo lobhalile lingaba sekuqaleni noma ekugcineni kwe-athikili. Isb. lbhalwe ngu ...
- Isigaba ngasinye siba nengqikithi yaso ehambelana nesihloko.
- Uhlaka ongabhala ngalo ngokwezigaba:
  - isigaba sokuqala - Ubungozi obunhlobonhlobo osebubikiwe
  - isigaba sesibili - Izibalo zezisulu zalobu bugebengu
  - isigaba sesithathu - Umsuka walesi sihlava sokwebiwa kwezintambo zikagesi
  - isigaba sesine - Ukuqwashisa nezindlela zokuzivikela ukwebiwa kwezintambo zikagesi
  - isigaba sesihlanu - Ukugqugquzela ukubambisana komphakathi namaphoyisa ekulwisaneni nalo mkhuba.

**[25]****AMAMAKI ESIQEPHU B: 50**  
**AMAMAKI ESEWONKE: 100**